**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ T.W. MCHUNU YENHLOSO YOMCIMBI KA-OPERATION HLASELA KWAMAPHUMULO NGOLWESIBILI MHLAKA 20 DECEMBER 2011.**

Mphathi wohlelo;
UMhlonishwa uMongameli uNxamalala;
UNdunankulu uKhabazela;
Amalungu esiShayamthetho;
IMeya yoMkhandlu;
Amakhosi aseNdlunkulu;
Izinduna zamaKhosi;
Amakhansela;
Izikhulu zeminyango ngokwehlukana kwayo;
Izinhlaka zemiphakathi esisebenzisana nazo kwezokuthutha nakwezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Mangiqale ngibonge Mhlonishwa Nxamalala ukuthi ukwazi ukuba yingxenye yalo mcimbi. Siyazi ukuthi isikhundla okusona senza uhlale umatasa kodwa ukwazile ukuzinika isikhathi sokuba nathi lapha namhlanje.

Ngithatha leli thuba ukuba ngisho phambi kwakho Mongameli ukuthi njengoHulumeni wesifundazwe siyaqhubeka nokusabela ikhwela owalihlaba lokuthi masiphume siye kubantu ezindaweni zasemakhaya siqinisekise ukuthi ingqalasizinda iyafika ukuze izimpilo zabantu ziguquke ngokushesha.

Ngakolunye uhlangothi futhi asikhohliwe ngukuthi kulo Hulumeni wamanje ukulwa nobugebengu kubekwe eqhulwini kanye nezinye izinhlelo ezibalulekile njengezempilo, ezemfundo, ukulwa nobubha, nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi esezingeni elifanele.

NjengoHulumeni wentando yeningi-ke sikuqonda kahle ukuthi ukuthuthukiswa kwabantu ngalezi zindlela engizibalayo kunegalelo elikhulu ekwehliseni ubuphofu, ububha, kanye nobugebengu obuhambisana nodlame.

Muningi-ke umsebenzi osuwenziwe ukuzama ukuqonda izinto ezahlukene eziholela ebugebengwini esibubonayo lapha esifundazweni sethu namhlanje. Kusukela ngonyaka odlule nje, uHulumeni walesi fundazwe uhola umbimbi lokulwa nobugebengu esithi 'Build A United Front Against Crime'.

Lo mkhankaso wethulwa nguNdunankulu uKhabazela nyakenye njengoba manje uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi usuwusabalalisa kuwo wonke ama-District kanye nomasipala be-local esifundazweni sonke.

Ekuwusabalaliseni kwethu-ke njengoMnyango sibe sesiqalisa uhlelo luka-Operation Hlasela, lapho sithi njengoHulumeni, abaholi bomphakathi ezinhlakeni ezahlukene nanjengamalungu omphakathi, kumele sithathe indawo yethu, sisebenzisane ndawonye ekutholeni izixazululo ezinkingeni zokuphepha esinazo neziphazamisa inhlalakahle yabantu bakithi.

Njengoba silapha-ke namhlanje KwaMaphumulo esiFundeni seLembe, ziningi ezinye izindawo esesizihambele, kuhlanganisa izindawo zasemakhaya nezasemalokishini, lapho umphakathi ukhathazwa ubugebengu obunhlobo nhlobo.

Esikuqaphelayo ngalolu hlelo ngukuthi zonke lezi zindawo esesizihambele asikaze sizwe kuthiwa isimo siqhubekile sabhebhetheka ngemuva kokungenelela kwethu njengoMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, sizokhuza umhlola endaweni.

Okusho ukuthi kuzo zonke lezi zindawo esesidlule kuzo abantu bakwamukele ukuba yingxenye yombimbi lokulwa nobugebengu.

Ngiyazi futhi ukuthi noma ngingasafikanga mina uqobo njengoMphathiswa woMnyango kwezinye izindawo eziningi lapha esifundazweni, kodwa baningi abantu asebezimisele ngokubambisana nathi abathi bakhathele manje ubugebengu obubhuqa isizwe sakithi.

Yingakho-ke sesitshale namathimba ethu kuma-District wonke ayishumi bese kuba yi-Metro eThekwini. Nalapha nje likhona ithimba elibhekene nesifunda seLembe, okuyilona elifinyelela nalapho ngingakwazanga mina njengoMphathiswa.

Kube yinto esikhathazayo-ke kwadingeka sisukumele phezulu uma sithola imibiko yokuthi nale ndawo ithanda ukugubuzelwa yisimo esesihlalise lubhojozi abantu bakithi.

Sitholile ukuthi ziningi izigameko zobugebengu ezenzeka kule ndawo, kuhlanganisa ukubulawa kwabantu, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, ukwebiwa kwemfuyo, ukwebiwa kwama-solar panel, ukugqekezwa kwemizi, ukuhlukunyezwa kwabesifazane nokuphazamiseka komphakathi okudalwa ngamathaveni endawo, ikakhulu lawa angekho emthethweni.

Kulena yama-solar panel, ngizwe isimanga ukuthi izigebengu sezikhiyela abantu ngaphakathi ezindlini ukuze bangaziphazamisi ngenkathi bekhipha lama-panel.

Kuzokhumbuleka futhi ukuthi isiFunda seLembe sike saba nezinkinga embonini yamatekisi ezindaweni ezifana noKwaDukuza noMaphumulo. Nalapha uMnyango ngokubambisana nohlaka oludidiyele izinhlaka ezahlukene zokulwa nobugebengu nezobulungiswa i-JCPS, wasebenza kanzima ukuthola izixazululo kuleyo nkinga.

Kulo mcimbi wanamhlanje sithi sifuna ukushayela isipikili ukuba bonke abathintekayo kulowo mkhakha bangabe besabuyela emuva kodwa baqhubeke nokusebenzela ukuthula nenhlalakahle.

Omunye futhi umkhankaso esize ngawo lapha noqhubekayo nakwezinye izingxenye zesifundazwe, yilona wokuvuselela onembeza kubantu bakithi esiwubiza ngo-Operation Val'ingozi.

Lapha sikhuluma nabasebenzisi bomgwaqo kanye nezigebengu uqobo. Sithi umyalezo wethu ucace kahle uthi: **'Khuluma nonembeza wakho, ungawephuli umthetho, ungabulali abantu'.**

Sithi abantu mabakhulume nonembeza babo noma besebenzisa umgwaqo noma beziqhubela impilo yabo yemihla ngemihla. Sithi njengoba sekuyisikhathi sikaKhisimusi nje, abantu mabangaziphathi sengathi akuseyophinde kube nomunye uKhisimusi.

Lo mkhankaso siwethule ngenyanga edlule ngokubambisana nenyunyana i-Police and Prisons Civil Rights Union (Popcru). Le nyunyana isukumele phezulu yathi ifisa ukuba yingxenye kanye nathi silwisane nokufa kwabantu emgwaqeni.

Imibono ye-Popcru nezinye izinhlaka esisebenza nazo siyayihlonipha. Engani amalungu abo lawa angaphansi kuka-RTI ahlale ebona lezi zibhicongo emgwaqeni. Kanjalo nasemaphoyiseni e-SAPS amalungu abo lawa abhekana nezigebengu nokufa mihla namalanga.

Kusinika ithemba ukuthi siyazibona nezinye izinhlaka zemiphakathi, okubalwa i-SANTACO, abaholi bezenkolo, abaholi bendabuko, osaziwayo, izishovushovu emikhakheni ehlukene, izifundiswa zakithi, omasipala nabantu nje ngamunye sebephumele obala bajoyina kulo mkhankaso wokusindisa izimpilo zabantu abangenacala u-Operation Val'ingozi.

Kuyasijabulisa manje ukubona abantu beba yingxenye yezinhlelo eziqhamuka noHulumeni ngoba vele phela imikhankaso enjengalona iyophumelela uma kuyibona abantu abayiqhubayo bese uHulumeni anike umkhombandlela.

Njengoba size lapha nje namhlanje, izolo silale izibalo zikhomba ukuthi kusukela mhlaka 1 December kuze kube yiSonto leli esiphuma kulona mhlaka 18 bezisentathu kuphela izingozi okufe kuzona abantu abangaphezulu kwabathathu engozini ngayinye.

Nakuba sisabambe umoya ukuthi engabe kuzoqhubeka kanjani kulezi zinsuku ezizayo njengoba abantu abaningi besazotheleka esifundazweni sethu, kodwa okwamanje kubukeka sisenza kangcono, ikakhulukazi kulaba abathutha umphakathi.

Elinye ikhwela esilihlabayo ngalo mkhankaso ngukuthi imiphakathi mayisebenzisane namaphoyisa ekulweni nobugebengu bese iyawavikela futhi nawo amaphoyisa akithi. Masiwasindise amaphoyisa – okungabavikeli bethu - ngokuthi sikhulume uma sinolwazi ngetulo lokubulawa kwephoyisa.

Masisebenzisane nezinhlaka zokuphepha emiphakathini njengama-Community Policing Forum (CPF) namakomiti emigwaqo noma izigodi lapho sihlala khona.

Masiqaphele ukungazithatheli umthetho ezandleni zethu, kodwa asibabike emaphoyiseni abephula umthetho, abahlukumeza umphakathi, abesifazane, izingane, abantu abadala nabakhubazekile emiphakathini yethu.

Mphathi wohlelo, mangigcine ngokuthatha leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoba ngiqale ngakubeka ukuthi salizwa ikhwela likaMongameli lokuba siphume siye ezindaweni zasemakhaya, nalapha esifundeni seLembe sinengqalasizinda yomgwaqo eningi esiyifake emiphakathini yasemakhaya.

Kulo nyaka wezimali esikuwona ka-2011/2012, uMnyango wezokuThutha ufake imali engu-R500 million emisebenzini yokakhwa nokugcina imigwaqo isesimweni kulesifunda.

Lapha KwaMaphumulo kunemigwaqo eminingi esiyisebenzayo ezindaweni zamakhosi. Kodwa okuwumsebenzi omkhulu yilokhu kokufakwa kwetiyela ku-P711. Lo mgwaqo ongu-33 km ubude bawo bonke ukulungiswa kwawo kuzosiza cishe izikole ezingu-9 nezinkulisa ezintathu, izikhungo zezempilo okuhlanganisa neMtandeni Hospital kanye nezindawo zokulima.

Imali esiyilinganisela lo mgwaqo ibalelwa ku-R200 million.

Siyathemba-ke ukuthi ukulungiswa kwalo mgwaqo kufika ngesikhathi esikahle lapho nohlelo lwe-IDP yeLembe District lukhomba ukuthi kunemisebenzi eminingi yengqalasizinda ehlelwe ngenhloso yokuthuthukisa idolobha laKwaMaphumulo.

**Ngiyabonga.**